HILLCRST HIGH SCHOOL
IBANGA LESISHAGALOLUNYE (GRADE 9)
UKUHLOLWA KUKAMEYI 2016
IPHEPHA LOKUQALA (PAPER I)
ISIZULU ULIMI LOKUNGEZELELA (FAL)

ISIKHATHI; 2 Amhr. AMAMAKI: 100

IMIYALELO:

- Funda LONKE iphepha ngaphambi kokuqala ukubhala.
- MUSA ukuxova imibuzo nezimpendulo.
- Sebenzisa isiZulu ESIVUMELEKILE.
- Bhala umsebenzi OHLANZEKILE.
- Funda iphepha uma UQEDA ukubhala.
- Qala iziqephu ekhasini ELISHA.

OKUMHLOPHE WODWA!!!!!!!!!

IMIYALELO KUMFUNDI:

- FUNDISISA LONKE iphepha ngaphambi kokuqala

  ukubhala.

- MUSA ukuxova izinombolo zemibuzo
- Sebenzisa isiZulu esivumelekile
- Sebenzisa UBHALOMAGAMA oluvumelekile.
- HLUKANISA kahle ISIKHATHI umbuzo ngamunye ukuze
- uqede kahle ukubhala.
- Qala isiqephu ngasinye ekhasini ELISHA.
- FUNDISISA iphepha lakho uma uqeda ukubhala.
- ISIQEPHU A

  Isifundo Sokuqondisisa > Imibuzo yaso

- ISIQEPHU B

  Isikhangisi > Imibuzo eqondene naso

- ISIQEPHU C

  Uhlelo

  Ukusetshenziswa kolimi

## ISIQEPHU A

1. Fundisisa isiqephu sengxoxo esilandelayo bese uphendula imibuzo ebuziwe ngemisho EPHELELE.

*(UZandile benoThobile bahleli endlini yabo yokulala baxoxa ngehlazo elenziwe nguZodwa.)*

ZANDILE: Uyazi Thobile le nto engiyizwile okuthiwa yenziwe nguZodwa iyangidina kanjani! Akabuye nje uZodwa azoke achaze kahle ukuthi yini kodwa asihlaze kangaka.

THOBILE: Mntaka ma, vele ukhohlwe nje yile nto, uzoziphathisa ngesifo senhliziyo.

ZANDILE: Kodwa ngingawakhohlwa ngithini Bhungane amanyala angaka? UZodwa usithele ngehlazo emphakathini. Ukuyoshela indoda uyintombazane okwakobani?

THOBILE: (Athi ukuhleka.) Cha, asilinde nje dadewethu aze afike uZodwa. Ngeke simsole simbize ngawo wonke amagama singakezwa ngaye. Angithi wena ushayelwe nguZenzi wakutshela ngale ndaba kaZodwa noMdu?

ZANDILE: Kunjalo. UZenzi akanawo amanga. Konke angitshele khona ngiyakukholwa. Futhi ngizwe nezwi lakhe ocingweni ukuthi uthukuthele. Hhayi, akabuye nje uZodwa azokhuluma kahle.

THOBILE: Eqinisweni Zandile mina angiyiboni into ekuthukuthelisayo, futhi angiboni lutho olungalungile olwenziwe nguZodwa.

ZANDILE: Kulungile azishelele indoda? Ngiyabuza?

THOBILE: Ngicela ukuthi ngilungise ulimi lwakho, uMdu ngumfana ongaganiwe. Ngakho-ke musa ukubiza uMdu ngendoda.

ZANDILE: Kulungile-ke akasiyo indoda uMdu, ngumfana njengoba usushilo. UZodwa usithathaphi isibindi sokuzishelela umfana eyintombazane?

THOBILE: Oh! Wena ubona ukuthi kungcono ashele amanye amantombazane?

ZANDILE: Cha, angisho njalo mina.

THOBILE: Uthini?

ZANDILE: Ngithi intombazane akumele yeshele umfana.


THOBILE: Konakelephi uma uZodwa ezishelela umfana amthandayo?

ZANDILE: Wawukuzwaphi ukuthi intombazane yiyo ezishelela umfana?

THOBILE: Wena ukuthathaphi ukuthi intombazane ayifanele ukumeshela umuntu emthandayo?

ZANDILE: Yisiko lakithi thina bantu abangamaZulu. Akukho ntombi yashela umfana.

THOBILE: Wu---------ah! Khala nkomo kaZulu wena ongasoze waya ndawo. Ngicela ukukutshela ukuthi ngesinye isikhathi lesi esiphila kuso. Sesebenzisa amalungelo ethu ntombi. Nami nje uma ngingahlangana noswahla lwensizwa enogazi, ngingazishelela mntakwethu. Ngikhathele mina ukusanganelwa yizo zonke izinqethelele, nogqamu ngaphose ngamuntu bethi: "Ngiyakuklanda nklombi;" Suka! Zishelele Zodwa isikhathi siyavuma!



Icashunwe encwadini IsiZulu Soqobo 91

1.1 UZandile uxoxa nobani lapha kulesi siqephu? (1)

1.2 Ubani lo abamlindile ukuthi afike? (1)

1.3 Yini eshiwo uThobile engxoxweni ekhombisa ukuthi ungudadewabo uZandile? (2)

1.4 UThobile akathandi ukukhuluma ngoZodwa engekho. Uyakuvuma noma uyakuphika lokho? Bhala usekele impendulo yakho. (2)

1.5 UZandile uyizwe ngobani le nto athi ufuna ukuyibuza kuZodwa? (1)

1.6 Yini ekhombisa ukuthi uyayikholwa into ayizwile ngoZodwa uZandile? (2)

1.7 Khetha umusho owodwa engxoxweni oshiwo uThobile okhombisa ukuthi iyamcasula le nto eshiwo uZandile ngoZodwa. (2)

1.8 Uyibizelani ngehlazo uZandile into ezwe kuthiwa yenziwe uZodwa? (2)

1.9 UThobile ngaphandle kokuthi akafuni kuxoxwe ngoZodwa engekho, yini emenza angezwani nombono kadadewabo ngoZodwa? Bhala kube kubili. (2)

1.10 Bhala uchaze ukuthi loku okubhalwe ngenzansi kuchaza ukuthini ngesiZulu esijwayelekile.

1.10.1 Ukuthela ngehlazo (2)

1.10.2 Ngiyaklanda nklombi (2)

1.10.3 Niyisinkwa nebhotela (2)

1.11 Phendula ngokuthi **IQINISO** noma **IPHUTHA**

1.11.1 UZandile udinwe ukuthi uZodwa umthathele isoka lakhe.

1.11.2 UZenzi ungumngani kaZandile.

1.11.3 UMdu umfana oweshela uZodwa.

1.11.4 UZandile uthi uzoyitshela abazali indaba ayizwile. (4)

1.12 Uma ubuka lesi sithombe samantombazane, imuphi obona sengathi unguZandile phakathi kwawo womabili? (1)

1.13 Chaza ngamaphuzi AMABILI ukuthi yini eyenza uthi uyena uZandile lo umshoyo. (2)

[25]

## ISIQEPHU B

1. Fundisisa isikhangisi osinikeziwe lapha ngenzansi bese uphendula imibuzo ngemisho **EPHELELE.**




1.1 Yini ekhangiswayo kulo mbhalo? (1)

1.2 Kufuneka abantu abathandani kulesi sikhangisi? (1)

1.3 Kuthatha isikhathi esingakanani ukufundela lo msebenzi okhangiswa lapha? (1)

1.4 Kumele uphase liphi ibanga ukuze ukwazi ukucela isikhala sokufundela lo msebenzi? (1)

1.5 Wenzenjani uma ufuna ukubhalisela ukufundela lo msebenzi okhangiswe lapha? Bhala kube **KUBILI** . (2)

1.6 Sikuphi nendawo lesi sikhungo semfundo esikhangiswe lapha? (1)

1.7 Kuba inkinga ukufunda kulesi sikhungo uma ungumuntu wakude ngoba azikho izindawo zokuhlala. Vuma noma uphike bese usekela impendulo yakho. (2)

1.8 Imiphi imikhakha yemfundo efundelwayi kulesi sikhungo? Bhala IBEMIBILI. (2)

1.9 Bhala ngesiZulu isifundo esenziwa uma ufundiswa ngokomkhakha oqondene nokuzivocavoca. (2)

1.10 Zingaki izinhlobo zezinto zokudlala imidlalo ehlukene ezisesithombeni. Bhala ngesiZulu. (2)

[15]


## ISIQEPHU C

1. Funda umbhalo olapha ngenzansi bese uphendula imibuzo ebuziwe.



**Izwe lase Lesotho**

ILesotho yizwe elizungezwe yiNingizimu Afrika. Leli yizwe elidume ngezintaba namakhaza. Lesi yisizwe esasiphethwe yinkosi uMoshoeshoe. Kuze kube manje iningi labantu baleli zwe lisebenza ezimayini zaseNingizimu Afrika. AbeSuthu bathanda ukufuya amahhashi nezinkomo. Lingelinye lamazwe ayebhacise abalweli benkululeko yaseNingizimu Afrika abaningi ngesikhathi sobandlululo.



1.1 Lidume ngani izwe laseLesotho? Bhala okukodwa. (1)

1.2 Kwakungubani inkosi yaseLesotho? (1)

1.3 Sebenzisa amabizo alandelayo emshweni ozakhele yona wena. Ungabhali efana naleyo esesiqeshini.

1.3.1 Amahhashi (2)

1.3.2 Ubandlululo (2)

1.4 Shintsha imisho elandelayo ngokubhala isabizwana soqobo esikhundleni samabizo abhalwe ngokunzima.

1.4.1 AbeSotho abaningi basebenza ezimayini eNingizimu Afrika. (1)


1.4.2 Akhona amanye amazwe akhelene neNingizimu Afrika. (1)

1.4.3 Izintaba zaseLesotho zilala iqhwa ebusika. (1)

1.4.4 Akulula ukufunda isiSotho uma ungahlali nabeSotho. (1)

[10]

2. Yenza imisho elandelayo ibenomqondo ophelele ngokubuka isithombe bese ugcwalisa izikhala ngezivumelwano noma izakhi ezifanele. **DWEBELA** izivumelwano ozifakile.Bhala **WONKE** umusho.





2.1 Ibhodwe ..seduze komnyango wendlu.

2.2 Umama ..phethe ingane encane ..nazo zonke izinganezakhe.

2.3 Kuyasiza ...tshala imifino ensimini ngoba awulambi.
2.4 Kulo muzi ungadla inyama...nkukhu.
2.5 Abantu ...kha amanzi emfuleni ...mabhakede.
2.6 Ubelethe ingane ..hlane umama ...hlakulayo.
2.7 Impilo ...semakhaya ayilula kubantu abangayijwayele.


[10]

3. Shintsha imisho elandelayo ngokuguqula amabizo abhalwe ngokunzima uwenze abe ondaweni. DWEBELA undaweni emshweni ngamunye.

3.1 Kukhona izizwe ezithanda ukuhlala <u>indawo</u> ebandayo ngoba kunempilo.
3.2 Akukho <u>umthetho</u> ukwakhisa umuntu endaweni inkosi ingazi,
3.3 Kuqala incwadi ebhalelwe omunye umuntu yayihlonywa <u>induku</u> uma ehanjiselwa yona.
3.4 Angimazi ukuthi yini indaba engabikanga <u>ubaba</u> uma esefuna ukushada.
3.5 Kuthiwa udwendwe luzongena ebusuku <u>uMasondo.</u>

[10]

4. Sebenzisa iziqu zesiphawulo ozinikeziwe ngenzansi ukuchaza lokho okubona esithombeni. Umusho ungabi namagama ANGAPHANSI kwamane futhi angabi ngaPHEZULU kwamahlanu.



4.1 – khulu
4.2 – sha
4.3 – hle
4.4 – bili
4.5 – ningi

[10]


5. Sebenzisa iziqu zongumnini ezilandelayo nesithombe osinikeziwe ukugcwalisa izikhala zemisho elandelayo.**DWEBELA** omngumnini omfakile.

Isibonelo: (i) UNkulunkulu wadala izintaba....(-khe)
(ii) UNkulunkulu wadala izintaba zakhe.

---

- ~~khe~~, - ~~bo~~, - ~~mi~~, - kho, - zo

---



5.1 Abazali bahamba nezingane.....baya ebhishi.
5.2 Umama .....yena uhamba yedwa eduze lolwandle.
5.3 USolani uhlezi phansi kwesembulela ..... esikhulu.

5.4 Abangani ....ababili badlala ngesihlabathi.
5.5 Izivakashi zijabulela iholidi....ngasolwandle.

[10]

6. Shintsha amagama abhalwe ngokunzima achaza ubuhlobo besintu uwachaze ngegama **ELILODWA.**

6.1 Sizohamba <u>nengane ezalwa udadewabo kamama</u> ukuyofunda e-Rhodes University.
6.2 <u>Umfowethu omdala</u> uzoshada ngenyanga ezayo.
6.3 USakhile uthi kugula <u>ubaba ozala inkosikazi yakhe</u>.
6.4 UMaMkhabela uvakashelwe <u>izingane ezizalwa indodakazi yakhe.</u>
6.5 Angisafuni ukusebenza lapho kusebenza khona <u>umfowabo wenkosikazi yami.</u>

[5]

7. Uma kuthakazelwa abantu bakwaMsomi kuthiwa Nomndayi. Bhala usho ukuthi bathakazelwa kuthiweni abantu abalandelayo.

7.1 Khanyile>
7.2 Mchunu >
7.3 Khumalo>
7.4 Zuma >
7.5 Ngcobo >

[5]
ISAMBA [100]

mamezala
babezala
Mkhwekazi Mnu.